

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala


- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma “bawufunde ngokuhleba” umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo


- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*


Namuhla u-Abby no-Aphiwe bagibele ibhasi lesikole. Kodwa uPhithiza yena akakwazanga ukuligibela ibhasi.

"Cha-bobo, Phithiza, wena awukwazi ukugibela!" kusho u-Aphiwe. "Izinja azivunyelwe ukugibela ebhasini!"

Namuhla u-Abby no-Aphiwe bavakashele umtapo wezincwadi.

UPhithiza yena akakwazanga ukungena emtatsheni wezincwadi.

"Cha-bobo! Phithiza, awukwazi ukungena lapha, izinja azivunyelwe lapha."



Namuhla u-Abby no-Aphiwe bavakashele ebhishi. UPhithiza yena bandla akakwazanga ukungena.


"Cha-bobo, Phithiza, awukwazi ukuhamba nathi!" kusho u-Abby.

"Izinja azivunyelwe!"



Namuhla u-Abby
no-Aphiwe baye kodlala epaki.
UPhithiza yena bandla
akakwazanga ukuya.

"Cha-bo, Phithiza, awukwazi
ukungena lapha epaki!"
kusho u-Abby. "Izinja
azivunyelwe!"



UPhithiza yena bandla wazihlalela ngaphansi kwesihlahla eduzane nesango. "Hh-Hh-Hh!" kukhononda uPhithiza. Walinda, walinda.

Awu! bandla waze wazumeka zwi waze waphupha.



Waphuphani uPhithiza?

UPhithiza waphupha egibele ibhasi.
"Ngizohlala esihlalweni ngaphambili," kusho uPhithiza.

UPhithiza walunguza ngefasitela.

UPhithiza waphinda waphupha eseklasini, ehlezi ngaphambili.

"Sengijahe kabi ukuthi kufike isikhathi sokudla kwasemini," kusho uPhithiza.

"Sengijahe nesikhathi sokudlala," kusho uPhithiza.

"UPhithiza waphupha esebhishi. Waphupha emba isihlabathi sasolwandle futhi etshuza ngebhodi olwandle.

UPhithiza wayenesikhathi esimnandi ngempela.

"Maye! impilo imnandi!" kumemeza yena.




Waphinda uPhithiza waphupha esepaki kukhona futhi izinja eziningi. Izinja ezinkulu kanye nezincane, ezinde kanye nezimfushane.

UPhithiza wagxumela uzwingi.

"Zwi...zwi...zw!" ecula.



UPhithiza washwibeka ezungeza. Waya phansi naphezulu nomdlalo wokushununuza.  Wadlala futhi ehla enyuka kuginqigonqo. UPhithiza wamba nesihlabathi waba nesikhathi esimnandi.

Kwathi kusenjalo...

U-Aphiwe no-Abby beza esangweni bamvusa. "Vuka Phithiza! Sesibuyela ekhaya manje," kusho u-Aphiwe.

Hhe! hhe! ngivuke? kusho uPhithiza.
"Hhayi bo, usho ukuthi bengiphupha?"

"Oh nkosi yami. Impilo yenja ke leyo", kucabanga uPhithiza.

# Umsebenzi wokufunda ngamaqembu



1 Bheka izithombe. Shono kumngani wakho ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye.
Tshela umngani ukuthi yisiphi isithombe okumele sibe sekuqaleni, nokumele sibe ngesesibili, esesithathu, nesokugcina.
Phinda uxoxele umngani wakho indaba usebenzise izithombe.











2 Lingisa le ndaba.



3 Fundela umngani wakho imisho elandelayo. Phinda uxoxele umngani wakho le ndaba ulandelanise izigameko.

| | |
|---|---|
| 1. | UPhithiza uphupha esolwandle. |
| 2. | UPhithiza uphupha esepaki. |
| 3. | UPhithiza uzunywa ubuthongo esangweni lasepaki. |
| 4. | UPhithiza akakwazanga ukungena epaki. |
| 5. | UPhithiza uyavuka. |



4 Qedela lo msebenzi.

a. Thola igama emgqeni ngamunye elifana ncimishi nelikukholamu yokuqala.

| | | | |
|---|---|---|---|
| inja | ifa | isha | inja |
| vuka | luka | vuka | suka |
| indaba | isaka | indaba | ibanga |
| phupha | buka | phupha | zula |

b. Thola igama endabeni elinencazelo efana neyalawa:

| | | |
|---|---|---|
| uyaphaphama | imifanekiso | buka |
| ingcanga | kukhuluma | cha |

c. Qedela le misho usebenzisa amagama afanele:

| |
|---|
| UPhithiza akakwazanga ____________ emtatsheni wezincwadi. |
| UPhithiza akakwazanga ________________ ebhasini. |

d. Bhala uhlu lwezinto uPhithiza afuna ukuzenza endabeni. Sebenzisa okhefana ukuzehlukanisa.



5 Thola imisho kule ndaba enezimpawu ezilandelayo, bese uyibhala encwadini yakho yokubhalela:

. , ? ! " "



6 Xoxa ngale ndaba:

a. Sithini isihloko sendaba?
b. Obani abalingiswa abasemqoka kule ndaba?
c. Ucabanga ukuthi lena yindaba eliqiniso?
d. Kwenzekani ekuqaleni?
e. Kwenzekani phakathi nendaba?



7 Phinda ubhale le ndaba usebenzisa amagama akho, ibe nemisho emi-4

# Izinga loku-1 Incwadi yesi-2

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Yimpilo yenja |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Ileveli: | Ibanga lesi-2 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga loku-1 Incwadi yesi-2 |
| Uhlobo lwetekisi: | Indaba |
| Amagama abukwayo (aziwayo): | hhayi, cha, izinja, ibhasi, ulwandle, ukuphupha, kodwa, kusho, izincwadi, lapha |
| Amagama amasha: | ebhishi, wazumeka, etshuza, shwibeka, shununuza, ujikajika, uginqigonqo, uzwingi |
| Ifoniki: | nt, sh |
| Okungaphakathi, ingqikithi namakhono: | ▪ Uchaza okwenzeka ezithombeni.<br>▪ Ulandelanisa kahle izithombe.<br>▪ Usebenzisa izithombe ukuxoxa indaba.<br>▪ Ulingisa le ndaba.<br>▪ Ulandelanisa izehlakalo kahle.<br>▪ Uthola amagama angomqondofana.<br>▪ Uqedela imisho ngokugcwalisa ngamagama afanele.<br>▪ Uthola amagama anale misindo: mt, shw, ncw, tsh<br>▪ Ubhala uhla esebenzisa okhefana.<br>▪ Uthola abhale imisho enalezi zimpawu: ungqi, ikhefana, umbuzo, isibabazo kanye nabacaphuni.<br>▪ Ufunda aphendule imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Ubhala indaba ngawakhe amazwi imisho emi-3. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminya ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-2 loLimi Lwasekhaya.

**Izinga loku- 1**
- UZinhle uthola abangani abasha
- Yimpilo yenja
- Idube layithola kanjani imithende?
- UJeri uyathanda ukufunda

**Izinga lesi- 2**
- Indlovu nomboko wayo
- Benza kanjalo abangani
- Ichwane ledada elibi

**Izinga lesi- 3**
- Ibhayisikili likaBheki elisha
- Izilwane ziya olwandle
- Kwasiza uMkhomomkhulu

ISBN 978-1-4315-2549-2
9 781431 525492

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2549-2

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.